IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

42/2015 Intshumayelo ngesonto 10 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 09. 08. 2015

Isonto lokukhumbula ukubhidlizwa kweJerusalema nomkhosi wobuthunywa.

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki elilandela isonto 10 emva komkhosi wobuThathwemunye, lilotshiwe kuwo amaH. 33:12, lithi: **"Sibusisiwe isizwe esiNkulunkulu waso nguJehova, isizwe asikhethileyo sibe-yifa lakhe."**

Nalo elongamela umkhosi wobuthunywa lilotshiwe ku-Isaya 45:22, lithi: **"Phendukelani kimi, nisindiswe, nonke nina-majukujuku omhlaba, ngokuba nginguNkulunkulu, akakho omunye!"**

1. Iculo 260/265

2. **Umkhuleko:** Nkosi enozwelo, wena ongathokozi ngokubhubha kwabayizoni, sibonga ukunakekelwa nguwe ngoMsindisi wethu uJesu Kristu. Sisize simuzwe, simamukele, simvumele, uma esiyala, esixwayisa, nalapho esithuma. Samukelise izibusiso ngaye. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-2 AmaK. 25:8-12; elomkhosi wobuthunywa: Jer. 16:19-21;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 11:25-32; elomkhosi wobuthunywa: Fil. 1:12-21;

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuLuka 19::41-48. elomkhosi wobuthunywa: Math. 28:18-20.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 259/106

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lwesithathu kwamazwi amiselwe umkhosi wobuthunywa lilotshiwe kuMath. 9:35-38, lithi: "UJesu wayihamba imizi yonke nemizana efundisa emasinogogeni abo, eshumayela ivangeli lombuso, ephulukisa izifo zonke nokugula konke. Kepha ebona izixuku waba-nesihe ngazo, ngokuba zazikhathazekile, zihlakazekile njengezimvu ezingenamalusi.

Wayesethi kubafundi bakhe: ukuvuna kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana; ngakho-ke nxusani eNkosini yokuvuna ukuba ithume izisebenzi, ziye ekuvuneni kwayo." Amen.

8. Intshumayelo: Bangane beNkosi yethu uJesu Kristu abathandekayo, umsebenzi wobuthunywa buqale enhliziyweni kaNkulunkulu. UNkulunkulu uYise wagcwalisa inhliziyo nempilo yeNdodana yakhe iNkosi yethu uJesu Kristu ngesihe, uyavuselela ikerike lobuKristu ngokuliqhuba ngoMoya oNgcwele ukuba likhuleke egameni likaKristu.

Ubuthunywa buyaqala enhliziyweni kaNkulunkulu. Kukhona uNkulunkulu oyedwa kuphela, uYise neNdodana, noMoya oNgcwele. Akekho omunye. Kwase ekuqaleni uMthathwemunye oNgcwele umisile, wahlosa ukusisindisa thina nabantu bezwe lonke ukubahlenga kubo ububi obuthathu obuyisono nokufa noSathane. Ngobuhle bakhe obudlula ingqondo yethu loNkulunkulu munye neNkosi wazimisela ukuba ngumuntu eNdodaneni yakhe, yena uqobo asisindise kanye nabantwana bethu, nezwe lonke. INdodana kaNkulunkulu imiselwe ukuzalwa ngowesifazane izalelwe ukuchoboza ikhanda lenyoka endala, nokulungisela abantu bonke ukuthethelelwa kwezono, abantu babuyiselwe futhi ukuphila enhlanganyelweni noMdali wethu sonke, abantu bezizwe zonke, kuze kube ngasemajukujukwini omhlaba. Yikho akuthembisele uAtamu noEfa ababewela esonweni, noNowa nezizukulwane zakhe, noAbarahama noMose, nabaprofethi, wabathembisela ukuvuselela njalo ukukholwa ukuthi iKerike elilodwa elingcwele libe khona ngezikhathi zonke emazweni omhlaba, litholakale njalo, njengokwesivumo esithi: "Ikerike linye elingcwele liyakuhlala likhona kuze kube-nini," njengalokhu lihlalahlala emahlaneni, eziqhingini zezilwandle ezahlukenenyo, nasemathafeni, nasemazwekazini, emhlabeni wonke. Yiwo umlando weTestamente elidala nelisha. Izwi laba inyama. Ngezikhathi zonke, ngamakhulu onke eminyaka uNkulunkulu walondoloza ukukholwa okukodwa, okungukukholwa okusindisayo kokukholwa nguMsindisi oyedwa uJesu Kristu oyiNkosi noNkulunkulu. Njalo lokhu kukholwa kuyamenyezelwa, kuyashunyayelwa ngokuphinda nangokuphinda, kugcizelelwa ngokukhumbuza izithembiso ezithembisayo ukuphiliswa nokusindiswa ngokukholwa nguKristu, kulolwe nokucandulwa izilimi zabashumayeli ukuba kukhanye kahle ukuthi kuthiwani ngokuphawula ukuthi kushiwo ukulunga kukaKristu isoni esibalelwa khona ngokukholwa nguKristu. Izwi lesithembiso laba inyama emakhosini, nakubo abaprofethi, nakubo abapristi basendulo ababedweba isithombe esihle soMsindisi othenjisiweyo ngamazwi alotshiweyo. Kwasetshenziswa yibo bonke, kuze kukhanye kakhulu ngamazwi alotshiwe ngumprofethi uIsaya 53:6-7, athi: "Thina sonke sidukile njengezimvu; yilowo nalowo uphendukèlé endleleni yakhe; uJehova wehlisela phezu

kwayo iNceku kaNkulunkulu ububi bethu sonke. Yacindezelwa, kepha noma yathotshiswa, ayivulanga umlomo wayo; njengewundlu eliyiswa ekuhlatshweni, nanjengemvu ethule phambi kwabagundi bayo, ayiwuvulanga umlomo wayo."

Izwi likaNkulunkulu elaba yinyama - iNdodana yomuntu - iNceku eyahlushwa - uJesu Kristu - iNkosi noMsindisi wethu ugcwalisile zonke izithembiso zazendulo. Kuye zonke zinguYebo, kuye zonke zinguAmeni. Wafeza athunyelwe khona, konke uYise akuhlosa ukuba uzokufeza, lokhu okulungileyo, okuhle uYise akuhlosa ukuba iNdodana yakhe ikulungisele bonke abantu. Njengalokhu ikerike ngokobuLuthere ehlabelela ngokuthunywa kweNdodana nguYise ngeculo elithi: "Hamba-ke mntanami, unake abanta bami, ebengibajezisa. Umthwalo wabo unzima, nguwe oyobakhulula ngegazi nangokufa." INdodana yalalela uYise, yenza ngokwentando yakhe. Yenza lomsebenzi esikhundleni sethu ukusilungisela insindiso, njengalokhu uYise esemisile ngenhloso yakhe, kwase ekuqaleni ngakho okulotshiwe nguMose, nangabanye, kuze uIsaya ahlanganise konke ngokuveza isithembiso esiphawula ngokukhanya okukhulu okwenziwe yiNceku kaNkulunkulu enguJesu ekuhlushweni nasekufeni kwakhe, kuIsaya 53:4-5 kulotshiwe ukuthi: "Yebo yazithwala izifo zethu, yabetshatha ubuhlungu bethu, kodwa thina sathi ijezisiwe, ishaywé nguNkulunkuu, ihlushiwe. Yebo, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphilisiwe thina."

Kanjalo kwalungiselwa abantu ukuba baphulukiswe, nokuhlanjululwa emzimbeni nasemiphefumulweni. Kanjalo kulungisiwe ukulunga okungukulunga emehlweni kaNkulunkulu okwake kwalahleka ngesono. Kanjalo kwavela ukubuyisana nokuthula, konke kupheleliswe futhi. Kwakunguyena uqobo uMalusi omuhle owafeza konke lokhu, efuna namanje ukuphutha izimvu ezilahlekile, nokugqugquzela ukuba nathi senze lomsebenzi ukuba sithokoziswe ngokwethu, kodwa nabanye bathole lolusizo oluhle, kakhulu abampofu, abadelelekile phakathi kwabantu, nezintandane, nabafelokazi, abadangele, abalili, iziguli, nabasekufeni, futhi nabo abathwesiwe imithwalo enzima. Yiyo inhloso yoMsindisi wethu uJesu Kristu ngenhloso ukuba abuyisele bonke emhlambini wakhe oyikerike lobuKristu, izimvu zabakwaIserayeli ezilahlekileyo, nabantu bezizwe zonke, kuze kube emajukujukwini omhlaba. Yikho uJesu akwenzile ngabaningi njengoZakewu eJeriko, noma owesifazane waseSamariya ngasemthonjeni kaJakobo, kanye neselelesi esabethelwa kanye naye esiphambanweni, bonke bahlanganiswe naye osilungisele sonke ukubuyisana noYise ngokuba umhlatshelo wokuba abe inhlawulo yezono zethu sonke. Yikho okwenzekile ngaloluya usuku olukhulu, olumelwe

ukukhunjulwa, usuku lwesihlanu lokubethelwa nokufa kwakhe. Wathunywa ukuba asindise bonke ngokukholwa nguye ngenxa yokuthethelelwa kwezono zethu sonke, ukuba bonke abakholwa nguye, nokubhapathizwa egameni lakhe basindiswe.

Ngakho lokhu iKerike ngokobuLuthere livuma lithi: "Ukuze sizuze lokhukukholwa kwamiswa isikhundla sokufundisa ivangeli nokwabela amasakramente. Ngoba ngezwi nangamasakramente kungathi ngamasu uMoya oNgcwele uyabelwa oveza ukukholwa, lapho kuthandeka khona kuNkulunkulu nanxa kuthandeka kuye, kulabo abalizwayo ivangeli phela elokuthi uNkulunkulu akathethi ngenxa yenzuzo yethu, kodwa uyathetha ngenxa kaKristu labo abakholwa ukuthi bamukelwa emuseni ngenxa kaKristu. Gal. 3:14. Ukuze samukeliswe isithembiso sikaMoya ngokukholwa.

Kuyalahlwa ama-Anabhapathizi nabanye abathi uMoya oNgcwele uza kubantu ngaphandle kwezwi elishunyayelwayo ngokuzilungisela kwabo nemisebenzi yabo." (CA 5).

"Kepha uJesu ebona izixuku waba-nesihe ngazo, ngokuba zazikhathazekile, zihlakazekile njengezimvu ezingenamalusi. **Wayesethi kubafundi bakhe: ukuvuna kukhulu, kodwa izisebenzi ziyingcosana; ngakho-ke nxusani eNkosini yokuvuna ukuba ithume izisebenzi, ziye ekuvuneni kwayo.**" Kusho ukuthi nanamuhla iNkosi ithanda ukuba sikhuleke, sicele iNkosi yokuvuna ukuba enze lokhu akufuna ukuba sikucele ukuba ithume izisebenzi ekuvuneni kwayo, ibize, ifundise, ilungise, ivivinye, igcobe amadoda ukuba baye ekuvuneni bengabafundisi, abashumayeli, otisha, izithunywa, abavangeli, ababhishobhi ukuba bashumayele, bafundise, basakaze, basebenzise ivangeli leNkosi yethu uJesu Kristu, kuze kube semajukujukwini omhlaba, ukuba bafundise konke esikuphathisiwe: izinhloko zokukholwa kwamaKristu, ukushumayela umthetho kaNkulunkulu, imiyalelo eyishumi, ivangeli eliyigugu elikhulu, isivumo sabaphostoli, nesaseNikheya, ukufundisa ukukhuleka njengokusho kwezicelo eziyisikhombisa zomkhuleko weNkosi, ukubhapathiza egameni elingcwele likaNkulunkulu uMthathwemunye, ukuphatha nokusebenzisa amandla ezihluthulelo ngokubalela abangaphendukiyo izono zabo, nokuthethelela abaphendukayo ngokudabuka ngezono zabo nangokucela intethelelo yazo, nokukhonza etafuleni leNkosi ngokwabela umzimba wayo negazi layo elingcwele leNkosi yethu uJesu Kristu. Konke lokhu kwenziwe ukuba amakholwa "ezwe, abone ukuthi uJehova muhle," aqonde, akholwe ukuthi "ubusisiwe lowomuntu ophephela kuye," amaH. 34:8; omethembayo. UNkulunkulu unguye onjalo, njengalokhu esimemayo kanjalo ukuba sisondele manje enkonzweni yesibiko, yentshumayelo, neyesidlo seNkosi, samukelwe kanjalo edilini enkazimulweni yakhe, uma iNkosi ibuya

izokwahlulela abasahambayo nabafileyo ukuba ngalelolanga sibone esikholwa yikho namuhla ukuthi unguNkulunkulu iNkosi, uMninimandla onke, uMbusi wabo nowakho konke. Khona sizobona ngamehlo ukuthi ngokwempela unguMsindisi othembekileyo, owafeza akuthunyelwe khona ukusisindisa ngensindiso eqinisekile, epheleleyo. Ngokwempela unguNkulunkulu osabekayo, yena kuphela, uYise, neNdodana, noMoya oNgcwele. Amen.

9. **Umkhuleko:** Ake sikhuleke sithi: Nkosi Jesu Kristu, Malusi noMbhishobhi wemiphefumulo yethu, khumbula ngomusa umhlambi wakho, uwondle ngezwi nangesakramente, usabele ngomusa wakho izisebenzi zokuvuna kwakho. Zibize, zilungisele umsebenzi wakho, uziphe amandla ukuba bakhonze abantu bakho ngezwi ngobubele, ngothando, ngokuzinikela impela njengezikhonzi ezithembekileyo. Vula amehlo ethu, nezinhliziyo, nezandla ukuba senze okukuthokozisayo, nokuyakusiza labo abasekuhluphekeni, bonke abakhathazekile, nabo abampofu, abadelelekile phakathi kwabantu, nezintandane, nabafelokazi, abadangele, abalili, iziguli, nabasekufeni, futhi nabo abathwesiwe imithwalo enzima, ubahlenge ngobuhle bakho obukhulu, nalabo abakhathazekile, nabahlakazekile njengezimvu ezingenamalusi, yibo abangakakholwa nabangakabhapathizwa, ubasize bonke ukuba bathole abelusi abazobelusa ngezwi levangeli nangamasakramente akho. Sicela konke lokhu ngenxa yothando lwakho olukhulu, nangesicelo sakho ukuba kuthunywe izisebenzi ekuvuneni kwakho. Makudunyiswe igama lakho, Jesu Kristu, Malusi omuhle neNkosi noMsindisi wethu. Mawuze umbuso wakho, intando yakho yenziwe kubantu bonke, bonke basondele kuwe, bonke bahlengwe kubo bonke ububi. Yiza, Nkosi Jesu, ungalibali, shesha ubuye! Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 264/269

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-K. P. P. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.